AS2001-1-5-1

# UHLELO LOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI KUMAZIPHATHE WESIZWE SAMAQADI

*Inkulumo nguMntwana Mangosuthu Buthelezi iLungu lePhalamende.*
*USihlalo WeNdlu Yabaholi Bomdabu YaKwaZulu Natali,*
*INkosi yeSizwe sakwaButhelezi*
*NonguMengameli weQembu LeNkatha Yenkululeko YeSizwe*

## ISIGCEME SASOTHONGATHI: EMAQADINI
## Meyi 18, 2001

---

Ngibonga ithuba lokuba lapha kulomcimbi njengoba sibuthene ukuzovula uHlelo Lokuthuthukiswa Komphakathi lukaMaziphathe weSizwe SamaQadi (Qadi Traditional Authority Community Development Programme) kanye nehholo neminye imisebenzi lapha endaweni yaseMaQadini. Imisebenzi yentuthuko eyenzeka kulesisifunda isivuse intshisekelo enkulu, ngakho ngiyathokoza ukuba ngikwazi ukuhlanganyela neSizwe saMaQadi kulentshisekelo namhlanje. Kuyinto efaka intshisekelo enkulu impela ukubona ukusombuluka kwamathuba alesisifunda ngohlelo olukhombisa umbono kanye nokubambisana, ngoba lomsebenzi uhlanganisa amalungu amaningi alesisizwe. Njengoba sivula loluHlelo Lentuthuko LwaseMaQadini ngalelihholo lomphakathi weSigceme sasOthongathi namhlanje, ngifisa ukuncoma lapho umuntu kufanele ancome khona, ngihalalisele ubuholi beNkosi uMzonjani Ngcobo okuyibo obuqhube loluhlelo lwentuthuko komunye wemiphakathi yezwe lakithi ompofu kunayoyonke.

Nxa ngicabanga ngezithiyo ebezisendleleni yempumelelo yalesisifunda, nxa ngibona ubuphofu nokuntula okwesabekayo kwabantu baso, sonke sizwa inselelo yokuba kube nomunye umsebenzi omningi esiwenzayo ukubhekana nosizi lwabantu bakithi. Nxa ngibona impumelelo yokuphothulwa kwemisebenzi efana nalo esizowuvula lapha namhlanje, ngikhuthazeka kakhulu futhi ngifikelwe nayikuwuhlonipha okukhulu umehluko okhona phakathi kwezimo kanye nomoya walesisizwe. Kuliqiniso ukuthi kulesisifunda, njengakuzozonke izindawo zethu zasemakhaya, kukhona abampofu kunabobonke abampofu, kepha futhi kuyiqiniso ngendlela efanayo ukuthi lapha kukhona ukunotha okukhulu kwentandenhle, amandla okuzimisela kanti namandla omphakathi abonakala ngokusobala. Ngikholwa yikuthi kuningi okunokufezwa nxa intando yabantu iqondene nokunethezeka nalapho ubuholi babantu bukuphokophele kulowo mgomo.

Kayikho into engathatha indawo yobuholi obuthembekileyo. Impela, impumelelo yalemizamo yomphakathi ithembele kakhulu eqhazeni elibanjwe uMaziphathe wawo weSizwe. Kulesisifunda, uMaziphathe weSizwe usefakazele ukuthi unamandla okwethula futhi wasebenza ngokubambisana nabantu bawo ukuletha intuthuko, ukukhushulwa nokwenziwa ngcono kwezimo zabo. Sekuyisikhathi eside kwasungulwa ukuxoxisana phakathi kwezinduna kanye nabantu bazo ngakho sekukhona isivumelwano esicacileyo ngalokho okudingekayo nalokho okufanelwe kwenziwe. Kakukho

muntu otshene lomphakathi ukuthi udingani futhi kakukho muntu owunikeze utho. Kubekhona ukubonisana ngenkathi labo abahlanganyela kulomsebenzi bekhuluma ulimi olufanayo lolwazi abadlule kulo, ukuthembana kwesikhathi eside kanye nokuzinikela abakuhlanganyelayo ukuze kusizakale umphakathi.

Ngokuzinikela kwayo emigomeni yezizukulwane, iNkosi uMzonjani Ngcobo izinikele ebuholini bezinga eliphezulu kunawowonke. Umuntu akudingeki ukuba aze abheke kude ukuba abone izinhlangothi eziningi zentuthuthuko eyenzeka kulesisigceme ukuze afakazele lokhu engikushoyo. INkosi uNgcobo isinikeza isibonelo sokuzinikela ekusebenzeleni abantu nasekuphokopheleni ekufezeleni bonke abantu izinga lempilo elingcono. Usezinikele kulomsebenzi iminyaka ecisho ibe ngamashumi amahlanu, lapho yena nami sisebenze umgomo ofanayo wenkululeko yempela kuzozonke izinhlangothi zayo. NgisewuNdunankulu kaHulumeni waKwaZulu omdala, ngaba nethuba lokusebenza ngokusondelana nozakwethu ngenkathi ephethe isikhundla sikaNgqongqoshe woMnyango Wezemisebenzi. Impela, osukwini olufana nalolu kufanele sibheke emuva emlandweni wethu sibone ukuthi ukuthuthukiswa bekuvele kusohlelweni lwezinduna zalesisigceme izizukulwane eziningi ezedlule.

Ngenkathi sisengoNgqongqoshe kuHulumeni waKwaZulu sasibambisene nabantu bakithi sikhuthaza intuthuko. Sakha izikole ngemali eyayikhokhwa ngabantu bakithi, lapho uhulumeni ayekhokha khona iRandi ngeRandi elikhokhwe ngumphakathi ukuze kwakhiwe izikole. Sakha imitholampilo sakha nemigwaqo, sibhekene nazozonke ezinye izinhlangothi zokuthuthukiswa kwabantu bakithi ezingeni lasekhaya, njengohulumeni wasekhaya wokuqala ezindaweni zomdabu.

Imisebenzi ephathekayo yohlelo lwentuthuko esiyigubha namhlanje iyisiqongo somlando omude wokuzikhandla, ukuhlela ngokucophelela, umbono, ukuhlanganyela komphakathi kanye nobuhlakani bobuholi obuqotho nobuthembekileyo. Umcimbi wanamhlanje kawusilo isu lokuzuza amaphuzu ombusazwe, futhi kawusiwo umphumela wesikhashana wokunqiba. Okufezelwe lomphakathi ngokutholakale ngaphakathi kuwo lomphakathi. Izimali zaloluhlelo lwentuthuko zivela emalini eyisinxephezelo eyafunyanwa nguMaziphathe weSizwe saMaQadi ngasekuqaleni kweminyaka yawo-1990 ngomhlaba wabo owathathwa ukuze kwakhiwe iDamu laseNanda. Lemali, eyizi-R5,600 00 yabekwa eceleni ukuze iqhube umsebenzi wokuthuthukiswa komphakathi, ngakho yiyo le esetshenziselwe loluhlelo lokuthuthukiswa komphakathi.

Lemisebenzi elandelayo ikhokhelwa kulesisikhwama:

NgoMeyi ka-1995 inkampani yakwa-Terraplan Associates yenza ucwaningo olwakhomba ukuthi umhlabathi osemfundeni yeDamu laseNanda uzilungele ezolimo. Kwathintwa uMnyango Wezamanzi kwacelwa ukuba kusetshenziswe amanzi edamu njengenkasa yokunisela amasimu.

Iningi labantu baseMaQadini kabasebenzi ngoba iDolobhakazi laseThekwini namaphethelo, lokhu okuthiwa yi-Durban Unicity, kalikwazi ukudala eminye

imisebenzi yokwengeza. Kwathi ngokubona lesisimo, uMaziphathe WeSizwe saMaQadi, ubambisene oMnyango Wezolimo wesifundazwe banquma ukusungula uhlelo lokukhiqizwa kokudla ukuze:

- kudalwe amathuba emisebeni.
- kuncishiswe ubuphofu obudlange kakhulu kulendawo.
- kuhlinzekwe amalunga omphakathi ngamandla ngokuwanikeza ikhono lezolimo.

*ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI : R300 000.00*

**1. ISIGCEME SASOGUNJINI**

Uhlobo lomsebenzi : Ihholo yomphakathi
Imisele yamanzi
Ukugandaywa kwendawo ezungeze isakhiwo
Ukubiya
Izintambo zogesi

*ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI : R277 020.00*

**2. ISIGCEME SASOTHONGATHI**

Uhlobo lomsebenzi : Ihholo yomphakathi
Umgwaqo ongenela ehholo
Ukubiya
Isinxephezelo semithi kagamthilini
Ukufakelwa kwamanzi
Izintambo zogesi

*ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI : R244 970.00*

**3. ISIGCEME SASENANDA**

Uhlobo lomsebenzi : Ihholo yomphakathi
Ukufakela kwamanzi
Izintambo zogesi

*ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI : R241 795.00*

**4. ISGCEME SASEMKHUKHUZE**

4.1 Uhlobo lomsebenzi : Inkulisa yaseSibhuceni
Ukubiya
Ukufakelwa kwamanzi

4.2 Uhlobo lomsebenzi : Amagumbi okufundela eSondoda High School

Usilingi

4.3 Ukubiya esikoleni KwaNokusho

*ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI : R237 751.95*

**5. ESIGCEMENI SASEPHOLA**

| | | |
|---|---|---|
| Uhlobo lomsebenzi<br>Ukuhlelwa kabusha kwemfayindeshi<br>Ukuvalwa kwesiza ngemuva<br>Ukubiya<br>Ukufakelwa kwamanzi<br>Izintambo zogesi | : | Ihholo yomphakathi |

*ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI : R274 035.00*

**6. ESIGCEMENI SASEMACHOBENI**

| | | |
|---|---|---|
| Uhlobo lomsebenzi<br>Ukubiya<br>Ukufakelwa kwamanzi<br>Izintambo zogesi | : | Ihholo yomphakathi |

*ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI : 237 955.00*

**7. ESIGCEMENI SASEKWAZINI**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 7.1 | Uhlobo lomsebenzi | : | Amagumbi okufundela eThumbela Primary |
| | Isilingi | | |
| 7.2 | Uhlobo lomsebenzi | : | Amagumbi okufundela eSonsukwana Primary |
| | Isilingi | | |
| 7.3 | Uhlobo lomsebenzi | : | Ukubiya esikoleni eMadlokovu |
| 7.4 | Uhlobo lomsebenzi | : | Inkulisa yomphakathi (eZamukuzenzela) |

*ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI : R182 523.30*

**8. ESIGCEMENI SASENGONWENI**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 8.1 | Uhlobo lomsebenzi<br>Ukubiya<br>Izintambo zogesi | : | Ihholo yomphakathi |

8.2 Umtholampilo waseNgonweni

*ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI : R245 060.00*

**9. ISIGCEME SASEMATIKWE**

9.1 Uhlobo lomsebenzi : Amashabhu
Ukubiya

9.2 Ukubiya eThwelenye Primary School

9.3 Ukuvuselelwa kwegumbi lamanzi okuthutha ukungcola

*ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI : R271 000.00*

**10. ESIGCEMENI ESISENHLA NOKUMANAZA**

10.1 Uhlobo lomsebenzi : Ihholo yomphakathi
Ukubiya
Izintambo zogesi

10.2 Amapulani emakethe yaseMaqadini (izakhiwo ezintsha)

*ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI : R244 000.00*

**11. ESIGCEMENI ESISEZANSI NOKUMANAZA**

11.1 Igumbi lokuphatha KwaDabeka High School : R176 000.00

11.2 Magqibagqiba Secondary School
Ukubiya

11.3 Inkulisa kaNksk Msomi
Izintambo zogesi

*ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI : R367 000.00*

**12. ESIGCEMENI ESISEZANSI NAMANTUNGWA**

Uhlobo lomsebenzi : Ihholo yomphakathi

*ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI : R250 000.00*

**13. ESIGCEMENI ESISENHLA NAMANTUNGWA**

Uhlobo lomsebenzi : Ihholo yomphakathi
Ukubiya

| | | |
|---|---|---|
| *ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI* | *:* | ***R244 000.00*** |

**14. ESIGCEMENI SASEMNAMATHA**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 14.1 | Uhlobo lomsebenzi | : | Inkulisa yomphakathi |
| 14.2 | Uhlobo lomsebenzi | : | Amagumbi okufundela Emaqadini School |
| 14.3 | Uhlobo lomsebenzi | : | Ihholo yemisebenzi enhlobonhlobo |

| | | |
|---|---|---|
| *ISAMBA ESIKHOKHIWEYO ESIGCEMENI* | *:* | ***R200 000.00*** |
| **ISIYONKE IMALI EKHOKHIWEYO** | **:** | **R3 823 110.20** |

Ukuze kufezeke lokhu, kwasungulwa ikomidi lamaQadi lokuhlinzeka izimali zentuthuko (Qadi Development Finance Committee) elenze umsebenzi oncomekayo wokwehlukanisa, lihlele izidingo ezigcemeni eziyishumi nane zendawo yaMaQadi laqhuba nemisebenzi yokuthuthukiswa komphakathi lisebenza ngokubambisana namakomidi endawo entuthuko, ngenkathi kukhuthazwa ukudalwa kwamathuba emisebenzi. Ihholo lomphakathi kanye namahhovisi okuphatha kaMaziphathe weSizwe saMaQadi avulwa lapha Othongathi namhlanje ayimpendulo esidingweni sokuba abantu bakwazi ukufinyelela kalula nangokushesha kumaziphathe wabo. Okungaphezu kwalokhu, lelihholo lomphakathi lizosebenzela izidingo ezehlukeneyo ukuze kudalwe isikhwama sokwakhela phezu kosekufeziwe. Ngikholwa yikuthi konke lokhu kuyingxenye yomzamo oncomeka kakhulu.

Ngilanda umlando waloluhlelo ngizwakalisa nokulweseka kwami ngoba ngikholwa yikuthi okwenzeka lapha Othongathi kuyuphawu olucacileyo lokuthi iSizwe saMaQadi sinobuholi esibethembayo, ubuholi obusebenzayo kanye nobuholi obukwazi ukwethula. Kuyoyonke iNingizimu ne-Afrika, kunemiphakathi yomdabu eminingi ngendlela engabalekiyo ehlanganyele lolulwazi iminyaka eminingi. Siyabazi abaholi bethu bomdabu. Obaba babebazi nawobabamkhulu babebazi. Selokhu kwathi nhlo sisebenza ngokumbambisana nabaholi bethu bomdabu, sithungathela imiphakathi iqoqo lobuhlakani esibunikezwa ngaMakhosi. Sekuyiminyaka beyizinjini zokwethulwa, bekhuthaza intuthuko, intuthuko, intuthuko. Siyawazisa aMakhosi ngoba siyaliqonda iqhaza alibambileyo njengombandela omqoka ebunyeni, ekunethezekeni kanye nasentuthukweni yangomuso yemiphakathi yethu.

Lolulwazi silufumane emakhulwini eminyaka esedlule kuwo. Sidlule eminyakeni yobandlululo lwezinhlanga lapho abantu bakithi bebephathwa khona njengezilwane, zazigcina izakhiwo zethu zomdabu ukuze ziqhube impilo yethu yomphakathi, zalondoloza umongo wobuzwe bethu njengama-Afrika, zazimisela ngokuziqhenya okukhulu ukuphila njengoba besivele siphila; sikhuthaza ubunye bethu, silondoloza isithunzi sethu sihlonipha

neqhaza laMakhosi ethu. Kuwowonke umzabalazo wenkululeko sinikele sasebenzisa igazi nesithukuthuku sethu ukufumana ukuzalwa kabusha kwezwe lethu lapho bonke abantu baseNingizimu ne-Afrika beyothatha khona indawo yabo ebafaneleyo njengezakhamizi ezikhululekileyo, ukuze bahlanganyele emsebenzini wokuthuthukisa nokukhuphula izinga lempilo yabantu bakithi. Kasizange sishise umzabalazo wesikhathi esedlule ukuze sifumane ivoti nje kuphela. Sishise umzabalazo esisawuqhuba nanamhlanje ukuze sibuyisele isithunzi sendlela yokuphila kwethu ukuze omaziphathe bezizwe zethu bakwazi ukusekwa nokuba bafumane amalungiselelo abawadingayo ukuze basihole ngendlela abebevele besihola ngayo.

Kepha kunento esabekayo nesisho ingakholakali eyenzikileyo. Esikhundleni sokuvumela abantu ukuba babuswe ngabaholi ababakhethileyo, ukunqoba kukahulumeni wentando yeningi kulethe uhlelo olusha oluzama ukuthatha indawo nokuba lwesule yonke indlela yokubuswa esiyaziyo. Nala uHulumeni waseNingizimu ne-Afrika ekhalela ukuzalwa kabusha kwe-Afrika (African Renaissance), kunohlelo oluqalisiweyo okungathi nxa lunganqandwa, luyibhidlize indlela yokuphila yase-Afrika. Ukusungulwa komasipala kulolonke elaseNingizimu ne-Afrika sekudale ukungqubuzana namandla nemisebenzi yomaziphathe bezizwe zamakhosi ababhekene nomasipala abanikezwa nabaphethe amandla neqhaza lamakhosi. Lokhu kakwenziwanga ngokuvumelana ngentando yeningi nabantu. Lokhu kakwenziwanga ngokubonisana nomaziphathe bezizwe zamakhosi. Futhi kakukwazi ngisho nokufakazelwa ngokuba kuthiwe kuyindlela engcono, ngoba kakungcono ukuphazamisa izinhlelo zentuthuko esezivele sezikhona, njengalo lolu esilugubhayo namhlanje noma ukwephuca abaholi bethu amandla okuhola abantu bezizwe zabo. Umgomo owaziwayo wezemfundo uthi kusukelwa kokwaziwayo kuyiwe kokungaziwayo. Okwenziwayo njengamanje kakuwugqizi qakala lomgomo ngisho nakuloluhlelo olumqoka lokuzalwa kabusha kwe-Afrika.

AMakhosi ayathenwa kanti sesilwe isikhathi eside nakanzima ukuqiniseka ukuthi lokhu kakwenzeki. Kukho konke ukulwa kwethu sifumane izithembiso ezingenasiqiseko, sadonswa ngamakhala ohlelweni lombusazwe obekuhloswe ngalo ukuba sigcinwe sikude, izandla zethu ziboshiwe senziwe nezimuku singakwazi nokukhuluma. Ukungqubuzana kwamandla nemisebenzi phakathi komasipala nomaziphathe bezizwe zamakhosi kuyinto ekhona. UHulumeni usevumile ukuthi bayakubona. Kunamazwi asekhulunyiwe ngemisebenzi yokuhlobisa imicimbi ethile, kanye namandla ancishisiweyo ngokwesakhiwo kanye namakhambi esikhashana angaholeli khona emakhambini okugcina. Sitshenwe ukuthi isimiso saMakhosi sizohlonishwa kepha esikhundleni salokho senziwa inhlekisa.

Eqinisweni, omasipala sebesunguliwe manje kepha akukho mbandela wesikhashana obekiwe ukulondoloza amandla omaziphathe bezizwe zamakhosi. Abaholi bomdabu bafumane isiqiniseko soMengameli uMbeki sokuthi kunemibandela ezomiswa, kepha kakuzange kwenziwe lokho. Esikhathini esingunyaka esedlule safumana isiqiniseko soMengameli sokuthi kuzochitshelwa iSakhiwo Sezwe ukuqiniseka ukuthi iqhaza, amandla

nemisebenzi yamakhosi ngeke kuncishiswe noma kudlavuzwe. Kepha kakukho kuchitshelwa kweSakhiwo Sezwe okulandelileyo. Kuphindaphinde izikhathi eziningi abaholi bomdabu uhulumeni ukuba abhekane nalokhu kukhathazeka kwethu okukhulu, ngoba siyazi ukuthi lokhu kuzoba nemiphumela esabekayo entuthukweni nasesimeni esizinzileyo kulolonke laseNingizimu ne-Afrika. UBumbano Lwabaholi Bomdabu luyavumelana ngokuthi kufanele kube khona okwenziwayo. Kepha kakukho lutho olwenzekileyo.

Kamuva nje uBumbano lufumane uMthethosivivinywa onesihloko esithi "Umthetho okuhloswe ngawo ukubhekana, okwesikhashana nezinto ezikhathaza abaholi bomdabu". LoMthethosivivinywa wethulwa nguNgqongqoshe Wezezifundazwe noHulumeni wasekhaya futhi wafana nenhlanekela okushawa ngayo wonke aMakhosi. Kawubhekani nezindaba zempela kanti futhi kakukho khambi oqhamuka nalo, naphezu kwezithembiso ezenziwa nguMengameli. Kubonakala sengathi uhlelo olulodwa lokubusa lwasiphatha njengezilwane. Kanti uhlelo olwalandela lolo lona lusiphatha okweziphukuphuku. AMakhosi achazwa njengabantu bokuhlobisa imicimbi ethile sengathi bayizinto nje zokukhishwa ukuze kukhangiswe ngazo nxa kukhona izihambi ukuze zikhiphe imishini yazo yokuthwebula ngaleyondlela babuyele emuva bephethe umfanekiso okuthiwa ungumfanekiso wempela ukuhambela e-Afrika. Impica kulokhu ukuthi ngeke kube khona umfanekiso wempela wase-Afrika nxa kuthenwa inhliziyo yenkambiso yomdabu yase-Afrika. Uma kunguthi ngikhuluma amazwi anqala kakhulu noma mhlambe kubonakala ukuthi ngikhuluma ngokuqhosha okukhulu, kangikwazi ukuxolisa. Abantu bakithi bephucwa uphawu lwabo kanti nendlela eqonde enkululekweni yempela nentuthuko iguqulwa ngendlela ebhidlizayo.

UBumbano Lwabaholi Bomdabu lwaphendula ngempendulo ebhaliweyo kuMthethosivivinywa ngomhlaka-9 ku-Apreli, bezwakalisa ukwehluleka kwawo ukubhekana nenkinga bechitha futhi neziphakamiso zawo eziyinhlamba. Kuze kube yimanje kalukabikho olunye uhlelo noma impendulo esifikile ngakho umbuzo usalokhu ulenga nje: Ngabe izwi loMengamenli lizohlonishwa na? Umgubho wethu namhlanje uyinkomba ecacileyo yokuthi izinto ziyasebenza. Kudingeke ngani ukuba ulungise into engaphukile? Kabukho ubufakazi bokuthi ukwethula kuzoba ncono uma silahla into esiyaziyo semukele ubuholi bento esingayaziyo. Esikwaziyo ukuthi omaziphathe bezizwe zamakhosi basebenzela abantu babo. Basebenzela abantu futhi bahola abantu, ngaleyondlela baletha imiphumela ephathekayo. Banolwazi futhi bayaziwa emiphakathini yabo. Ngamakhosi ethu afanelwe ukunikezwa ukwesekwa namalungiselelo okuwahlinzeka ngamandla ekuholeni kwawo intuthuko. Ngizwa ukuthi umkhandlu omkhulu weTheku namaphethelo kawukwazi ukudala amanye amathuba emisebenzi okwengeza, kepha umaziphathe wesizwe saMaQadi usungule uhlelo lokukhiqiza ukudla. Kasibahlinzeke ngamandla labo abanekhono lokusihola basikhiphe ebuphofini.

Kulendawo, kulesisikhathi, nakulomcimbi, siwafakazele amandla esimiso esikwazi ukwethula. Lesisimiso sethule sinamalungiselelo amancane kakhulu, ngakho angakucabanga nje ukuthi besingafeza okungakanani ukuba lamalungiselelo azonikezwa omasipala maduze abengaqondiswa kuso.

Namhlanje, lomphakahti sewumi ngokuziqhenya nje ngesikhumbuzo semisebenzi yawo nemisebenzi yobuholi bawo bomdabu. Izidingo zalomphakathi zisezinkulu kakhulu futhi kazikafezeki. Kepha nanamhlanje sigubha ukuzimisela kwethu namandla ethu okuguqula izinto ngokuba sidale isiqaliso esisha lapho izinto zingaguquka khona ngoba abantu befisa ukuba ziguquke. Ngikholwa ukuthi banawo amandla okwenza usuku lwakusasa lube yisuku olungcono kunosuku lwanamhlanje nokuba badale inqubekela phambili ephathekayo ezimeni zabo zempilo besebenzisa imizamo nokuzinikela kwabo.

Nginxusa abantu balomphakathi ukuba amandla aloluhlobo niwafumane ngaphakathi kwenu. Ngiyaninxusa ukuba nisukume nisebenze, sukumani nizithuthukise, sukumani nisebenzele ukwenza ngcono impilo yenu yansuku zonke. Kasikwazi ukuvumela izimo ezilwa nathi ukuba zisigubuzele. Namhlanje sisibonile isiqaliso senqubekela phambili. Kufanele lesisiqaliso sisabalale njengomlilo wequbula emoyeni omusha wentandenhle edala eminye futhi imizamo uquqaba lwabantu olunganikela ngayo emzabalazweni wentuthuko, intuthuko, intuthuko. Kufanele isizwe saMaQadi singemi lapha. Nginxusa bonke abaholi bakulesisifunda ukuba bakhombe olunye uhlelo olusha lwentuthuko oselungaqaliswa manje lusetshenzwe kusukela ekuqaleni kuze kuyofika esiphethweni. Ngisho noma ngabe luncane kangakanani, kunezinhlelo eziningi zemisebenzi ezifanelwe ukwengamelwa umholi ngamunye.

Ngendlela efanayo, nginxusa lowo nalowo mndeni kulesisifunda ukhombe, uthuthukise uhlelo lomsebenzi owodwa abanokuwufeza phakathi kwesikhathi samanje nokuphela konyaka. Kakukhathalekile ukuthi lowo msebenzi mncane kangakanani, kufanele kube khona uhlelo lomsebenzi olungadalwa kulowo nalowo mndeni ngomzamo ngomzamo walowo nalowo muntu ukuze kwenziwe usuku lwakusasa lube yisuku olungcono kunamhlanje, noma ngabe lokho kusho ukulungisa uthango noma ucingo lokubiya noma ukusebenzisa elinye ihora nengane yakho ukuyenza ithokoze nokwenza ukunqonda kwayo umhlaba oyizungezileyo. Ngemizamo yethu singaphumelela ukufaka amandla emzabalazweni wethu wentuthuko, intuthuko, intuthuko ngenjini yethu yoguquko olwentandenhle. Kufanele ukuba sakhe intuthuko ngentandenhle eqalisa ngaphakathi emiphakathini yethu, nesukela esifisweni sethu sokubhekana nezimo ezigqolozele impilo yethu. Masisukume senze usuku lwakusasa lube yisuku olungcono kunosuku lwanamhlanje. Ngokusizwa uNkulunkulu, masenze lokhu kube ngumzabo wethu ngasosonke isikhathi.

**--------oo0oo--------**